ISOLEZWE (KZN)
18 Mar 2014, p.2

Akugqugquzelwe intsha ukubhala nokufunda izincwadi: umbhali

NONHLANHLA MKHABELA

UMBHALI waKwaZulu-Natal ohlanganyele kwifestiveli yaminyaka yonke yababhali, iTime of the Writer yanonyaka, uthi ikusasa lokubhalwa nokufundwa kwezincwadi eNingizimu Afrika lilele ekutheni intsha igqugquzelwa kangakanani ukukwenza lokhu.

UKhulekani Magubane (25) waseMtshezi kodwa osezinze eGoli, kwesinye sezigaba zefestiveli, uzobe edingida ukubaluleka kokuba intsha nezingane ezincane zizihlanganise nokubhala nokufunda kusukela zisencane.

"Ngicabanga ukuthi abantu abaningi abakakuqondi ukuthi asaba maningi kangakanani amathuba entsheni ezinsukwini zamanje ngakho ngizogxila ekugqugquzeleni ukuba kubhalwe izindaba zase-Afrika," usho kanje.

Uthe ngasekupheleni konyaka uzokhipha incwadi entsha ezobe ingeyesi-20 njengoba incwadi yakhe yokuqala wayikhipha eneminyaka engu-17.

Esinye sezihloko ezibalulekile ezizodingidwa kwifestiveli yisiqubulo sayo sanonyaka esithi *Freeing Our Minds*, nokuthi abantu besifazane sebengene kangakanani ekubhaleni.

Umbhali wamanoveli obugebengu, u-Angela Makholwa, waseGoli, ozobe ekhuluma kabanzi ngalesi sihloko elekelelana noPraba Moodley, uthe kuyisimanga ukuthi abaningi basamangala uma bezwa ukuthi ubhala amanoveli obugebengu.

"Abantu abaningi bazitshela ukuthi ngoba nakhu ungumuntu wesifazane ngeke ubhale ngobugebengu ngoba buyinto embi futhi eyenza abantu bazizwe behlukumezekile kodwa iqiniso wukuthi siphila kubona ubugebengu nsuku zonke akuyona into esingayiziba noma siyigqibe ngandlela thize ngoba uma ufunda izindaba ekuseni nabu bukhona," kusho u-Angela.

UMakholwa usekhiphe amanoveli amathathu okuyi*Red Ink* eyaphuma ngo-2007, *30th Candle* ngo-2009 ne*Black Widow Society* yangonyaka owedlule.

Uthe ukukhonzile ukubhala lolu hlobo lwezincwadi ngoba luyawuxukuza umqondo lumfundise nokucabanga njengomphenyi wamacala.

ABABHALI okungoKhulekani Magubane, Angela Makholwa noKgebetli Moele abakwiTime of the Writer yakulo nyaka ezoqhubeka kuze kube nguMgqibelo

Isithombe: PATRICK MTOLO

ITime of the Writer iqale izolo ebusuku lapho bekwethulwa ababhali abakhona nezihloko abazozidingida e-Elizabeth Sneddon Theatre e-UKZN kanti izophela ngoMashi 22.

Phakathi kwezinye izihloko ezizodingidwa wukubhala ngendlela enamahlaya, ukubhala umlando weNingizimu Afrika entsha nezinye.

Abanye ababhali abazobe bekhona nguZukiswa Wanner, Niq Mhlongo bakuleli, Patrick Bond waseMelika, Chibundu Onuzo waseNigeria, Mshai Mwangola waseKenya nabanye abaningi.

Ngezinsuku zefestiveli, phakathi nosuku ababhali bazovakashela izikole nezikhungo zemfundo ephakeme ukuyohlanganyela nabafundi.

UMnuz Thembinkosi Ngcobo, oyisikhulu kumasipala weTheku, emukela ababhali uthe umasipala uyayeseka iTime of the Writer wadalula nokuthi uyixhase ngo-R1 million.

This material has been copied under a DALRO licence and is not for resale or retransmission.